

Story of Mayingaza and details about the history of Gombakhele tribe. (New Castle.)

Umayingaza ka Mashobane wakwa Nene uMayi gaza uzalwe kubase uDingane. Uyise waye yimbokode ebovu ibutho lakhe kuthena kubusa uMphade uyise waye sekhona, babesemngazini. Kuthena ukuphambana kwamadodana ka Mphande wabe ekhona uyise kwakuphambene uCetshwayo noMbuyazi indhlovu enesihlonti. Ubuyazi lona uma eyizeka uMayingaza kwakuyi nsizwa enesihlonti sezinwele iqolo. Kuthe kanti unina akasi yona inkosi kazi uMphade esemubekile uCetshwayo ukuthi uyena yothatha sikhundla sakhe wabuye wabeka uMbuyazi ukuba abe inkosi. Waye sekh mbise nabamhlophe ukuthi uCetshwayo yena inkosi/engasekho. Abamhlophe bamushaya uphawu endlebeni.

Kuthena uma uCetshwayo esekhulile uyise uMphande wathanda uMbuyazi kuthena befika abamhlophe waye sekhomba uMbuyazi babona abamhlophe ukuthi akuyena lona. Sebe biza abantwana benkosi sebemubona uCetshwayo. Manjena kwase kuvela ukungezwani kuMbuyazi naye uCetshwayo usethi uyise uMphande kuMbuyazi ngoba esebona ukuthi yena usegulele futhi hleze afe. Usethi ku Mbuyazi akathathe iziqoza ashone enzansi ngoba kwakuwumukhuba wakwa Zulu lowo ukuthi inkosi iphumengenzanzi ukuze ibe yinkosi. Usesuka uMbuyazi Usekuzwa loku uCetshwayo. uMphande lona wayeyisiguli ukuse no Dingana angamubulali yiloko njena.

3. Uthena ukuba ayihlomise uCetshwayo useyithumela kuyena kuMbuyazi kwazisa ukuthi abaka Mbuyazi bazimukile ngoba uMphande wabanika zonke izinkabi bedla besutha bona. Laba baka Cetshwayo babelamba futhi amaqawe amaningi aye ngoku Mbuyazi kuthena uma ehlangane impi yehlulwa lena eka Cetshwayo kwase kwa kan ngi kuthena ngelinye usuku u Mashobane uyise ka Mayingaza omukhulu eyinhloli ka Cetshwayo wabonwa omunye weziqoza naye eyedwa noziqoza eyedwa uthe ngokumubona wameyisa ngoba ondile. Uselahlaphansi umkhonto edumela uMashobane kwasiza ukuthi uMashobane waye ngawuphethe umkhonto lapho. Badumelana kuthe kunjalo wezwa lona weziqoda ukuthi kubi wase edonsa umkhonto ngezinyayo. Wamubona uMashobane. Umashobane uyena owaye ngaphansi lona weziqoza engaphezulu. Usemudumela ngamazinyo uMashobane Usemudla impela eze emuqeda njalo lapho. Uthena ukuba abone ukuthi igazi selingena emulonyeni wakhe akanaka wadlanalo
- 4.

- Useze umnqamula uminzo. Usebona ukuthi usefile usemujika lapha yana. Usemngedela ngemikhonto yakhe. Usecsuka ehamba kuthena ngelanga lokugcina iziqoza zaboka impela izinduna zabona ukuthi kubi impela zathi ku Cetshwayo kahle ab leke. Uthe ethi uyabaleka kwase kuqamuka amanye amabutho ayasale ekhaya wathi angawa bona wama uCetshwayo athi ukufika ngakuye asho iziga athi:
5. "Ngathi ngathi ngadla, ngadla ng dla" Wajabula uCetshwayo uma ebona ibutho elisha elisaphuna ekhaya likhetha ngemikhotho. Wayesithi khona bandla lakwethu, nansiyana ibambene. Bathena ukufika kuyona bayingena ngekwapha eyeziqoza. Yehlulwa njalo lapho. Sekukushaywa inqunqule. Usejabula uCetshwayo. Sebezi bulala zonke iziqoza leli butho lali phuma eMgazini. Kuthena umalifika kuye uMpande lisayo thutha amandla lekhetha isibayeni wathi uMpande engazi kanti nisekhona bandla lakwethu phuthumani nifike myingene ngekwapha. Wayecamanga ukuthi laba abaka Mbuyazi amuthandayo nebala bangena ngalo ikwapha kweka Mbuyazi uthena uma esephinda
6. ekhaya uCetshwayo usebulala bonke abantwana bakabo Mbuyazi. Isikhala inkosi nesigodlo. Ngoba bebe beke ukuthi ubuyazi oyena azonqoba. Umayingaza yena uzalwa uDabula ka Mashobane wakwa Nene umfowabo kayingaza uKunjini. Kuthena ngesikathi singa Dingana elwano Zibebu ngoba uyena owabulala Cetshwayo uDabula wawela weza kukhona kumbumi nganeno ko Tugela wahanba ebusuku wathutha wonke umuzi wakhe. Kuthena uma esenganeno esilungwini akaphila kahle. Akabale kange yedwa walandela umenzi wakwa Dumakude owakha phezu koTugela lapha kuthiwa kuSe Macunwini manjana. Useze uyafa uDabula. Umkhunjeni usesala yedwa abane abafowabo sebe-
7. phindela kwazulu futhi. Umayingaza nonina sebemushiya uMkhunjeni waye sethathule lapho. Kuthena uk ba bamushiye usehlala njena kuthena ukuba ahlale ubuye esuka eza phezu komuzinyathi uMkhunjeni uthena uma selapha usehlala namaSwazi ka Nyamayenja. Usephendula unyango wakhe sekhonza khona kuwona ama Swazi. Kuthena ngalanga linye induna ka Gamulakhe inkosi yama Swazi pezu komuzinyathi umithumile uMahlasela Vilakazi induna wase ebona uMkhunjeni kwaba indoda ayithandayo uMahlasela sekuthi nge linye ilanga evakasehele wona umuzi ka Mkhunjeni usehlangana
8. noMayingaza efikile evela kwazulu eze kumfonwabo uMkhunjeni.

Usemuthanda uMahlasela usekhuluma naye uMayingaza sekuthi kunjalo noMayingaza waneliswa uMahlasela umahlasela usethuma abantu ukulanda umayingazi. Uselandwake umayingaza uselandwake. Umahlasela khona ayengasoti njena kodwa akazange abince ibeshu waye faka ibulukwe kodwa uMayi gaza waye yebayi ngesikhathi uMahlasela eganwa uMayi gaza waye namakhosikazi amahlanu. Wonke lana amanye ayegqoka izingubo. Waba yedwa uMayingaza nesitolo emuzini ka Mahlasele. Ngokulungakwakhe wanythanda impela uMahlasela uMayingaza.

9. Ukuse uMahlasela amuthande kangaka uMayingaza wafika ne mikhuaba emuningi yokuhlonipha indoda nomuzi wendoda ubengamuphenduli uMahlasela noni'a ka Mahlasele engamuphenduli. Futhi yena umayingaza ubemenzela njalo umahlasela utshwala futhi utshwala bakhe bumnandi impela. Bekuthi noma inkosi iza itshwala benziwe njena uMayingaza kuthena ngokubona loku uMahlasela wayesehti kuhle uNene umfowabo ka Mayingaza aphiwe izinkomo benina ka Mayi gaza. Ngoba naku uMayingaza ulungile kwathi amanye amakhosikazi ka Mahlasele abaleka ngoba esehlala kwa Mayingaza nama cala esewathethela khona. Kuthena ngelinye
10. ilanga uMkhunjini wabona ngezinkomo eziningi ziphuma kaMahlasele kuyena uMahlasele kwathi ukubonga kaMkhunjini wanganisela uManzoli indodana ka Mahlasele inkosazane yakhe uSofi. Manjena wase uyakholwa uMayingaza neye uSofe nomuzi ka Mkhunjini wakholwa kuthena unina ka Mayingaza eza kubona uMayingaza naye uSofe wabulalwa izigebengu kuthena ngelinye ilanga inkosi ngoba nayo yayi mufuna uMayingaza yafuna ukumubulala uMahlasele usebaleka useze afika eWeneen acasha khona naye umayingaza nabanye. Omunye umuzi ka Mahlasele wasala endodaneni yakhe enkulu uBevule. Useze uyafa uGamulake usebuyake uMahlasele. Usefumanisa inkosikazi yakhe enye seyamuka isithi ngokuzwa ukuthi usebyile uMahlasele isibuya nayo useyixosha uMahlasele useshe esefa naye uMahlasele sekubusa indodana yakhe uBevule. Nayofuthi yalunga. Kuthena afike kwelase silungwini wafundisa umahlasele ukuvimba izinyoni. Zingadli amabele emasimini wafika namabele amahle ulokwana.
11. Ukuvimba izinyoni kwenziwa kanjena. Uye uhambe uyokuka amakhobbo amabele asendlilwe izinyoni

Usezowathatha awalumbu ngemithi bese kuzilwa unokucula. Wahola izinkomo iziningi ngaloko uMayingaza nezimbuzi kwazisa futhi ukuthi ukuthele.

12. Kuthena ukuba afe uMahlasela waye sefundisa ngayo abantwana bakhe esekole. Kuthena abantu bemuhleka kuleli lase Esididini bethi ubungula intombazane akanaka yafunda yaze yaphumelela yaba uMiss. Nabafana bakwakhe bawothishela. Nyena owavula indlela kubantu wabafundisa ngezinkomo azihola ngokuvimba amabele. Namhlanjena usewazi umuthi wokuvimba isinyoni. Kodwa sewaba isinyoni Zionist Church akasawu phathi umuthi wafundafuthi ukwelapha izinkomo njengoba phela izinkomo zabantu ziyela shwa. Ukuze kuphela futhi uyakwazi. Noma umfazi ehluleka ukubeletha uyamusiza. Kodwa manjena akasakwezi ngoba ase yesiy ni.

13. Lenkosi-kazi ihlaka iphile iyakwazi ukuvimba izulu. Namhlanjena ngoba yona isiyisiyoni kuthe uma liduma iphumele phandle ithandaze impela ayisa sebenzi ngomuthi. Noma kusebusuku iyaphuma line lize liphelele kuyona. Nokulwa iyakwazi. Yaze yathola lezizibongo iseyontombazane:-

Udade kazana omuyama kamashobane usethunzi sengesendoda, uvela kukhale amadoda namakhosi kuphelele. Ubuhle kazi ngimubonile engilandela ngi mnyonkoloza undlebe zimawaba, umazinyo ekanya igwa. Udlundlumba mtakamashobane uwele ngaliphi uku huda kwa zulu. Umawela umsuluze noTugela kwabaleka izingwenya Mashobane.

14.

Abakwa Ngwenya.

Abakwa Ngwenya: laba abakwa Ngwenya abesuthu.

Isibongo sabo ngempela abakwa Nkwena. Kuthena ukuba amaSwazi abaleke ukuba lapha uTugela river, ayesebalekela Ondini athena ukufika kwawo khona ondini amisa kuthena kunjalo kwase kuqamula bona abesuthu laba bephuma khona Kwalasosuthu. Bathena ukufika amaSwazi ayesethuka. Ayengazi ukuthi nkonje kukhona isizwe esinye ngalapha kwawo wona ayethi asebaleke impela manjena. Uthena umaafike u Marula Nkwena wacela indawo yokukhonza amaSwazi acamanga sengi uyinhloleli uzanempi ekhulu ka oake. Asevuma amaSwazi sekuthiwa kuhle lomusuthu agadwe. Nebala usegandwale uMarula. Kuthiwa yena wayelungile impela eyindoda futhi.

15. Kwaseku hlala sikhashana ama Swazi abona ukuthi uMarula nabangani bakhe abaqonde lutho olubi kwakhiwa umuzi omukhulu lapela lapho. uMarula nabanye bebexoshwa impi yama Bunu manjena wasuka ethi uyabaleka wazithela kuwona amaSwazi kuthena ahlezi ama Swazi kwezwakala ukuthi amaBunu sebefikile. Manjena amaSwazi afuna amanye athi makuyiwe enhle e ¹ransvaal. Kwenzwa kala ngabe suthu ukuthi kukhona amandebele baka Mzilikazi aswela uk thi asho-naphi manjena ayese buya nabo belu abesuthu laba aza nganeno ngase Ndundee esefuna idlela yokuya emuva. Ayesethu ukuthi ukwakha umuzi phezu komuzinyathi. Kuthena kuhliziwe uMarula eseyinduna kwafumaniseka ukuthi wafuna ukulwa nayo inkosi yama Swazi. Kuthena ukuba ukuzwe loku yase ithi kuhle abulawe uMarula. Kuthena ngelinye ilanga uMarula wabona inkabi yakhe enkulu okuthiwa idlozi ibuya ezinkomeni ibonga iza ekhaya emini seli yoshona ilanga. Uthema ukuba abone laku uMarula usehloma usesuka yena eyocasha kuthena kunjalo yaqamuka eyenkosi. Kuthena abesuthu ukuba bayibone base be baleka kuthena ngokubaleka kwabo sebeze beyovusa yena uMarula. Asemubona ama Swazi asemuhlaba amaSwazi emubulalayaphela kuthiwa kuhle kuphele ukuthi Mkwena kuthiwe Ngwenya okungcono. Manjena yathi inkosi makuphele futhi ukuthi abesuthu akube abantu njena amaSwazi.
17. Kwase kuba khona futhi umukhuba wokushadelena namaSwazi nabo abesuthu. Ekusene abesuthu nama Swazi ayengashadelani. Yingakonjena uMarula waye yinduna yabesuthu bodwa kunga funwa ukuba abesuthu bashade namaSwazi. Kwakuthiwa abesuthu izilwane nabofuthi abesuthu bewazonda amaSwazi. Kuka ningi uMarula rfuja ukuba abulawe amaSwazi. Kodwa wehluleka ngoba abesuthu aye-hamba ngoba babe yingcosana kuna maSwazi. Futhi amaSwazi ayemugadile kuzozonke izenzo zake. Manjena kwathi uma esefile uMarula abanye abesuthu baphinda emuva lapho baphuma khona. Isibalandela eyama Swazi kuthena phezu kondi ba bafumana abesuthu. Base bekwela entabeni behlisela amaSwazi ngamatshe.

END. 379